health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Newcastle Regional Hospital

# NEWCASTLE PLATFORM NEWS

July - September Edition

## "Ngingum'Afrika futhi ngiyaziqhenye ngakho"



Isizwe esingenamasiko sifana nesihlahla esingenazimpande. Abasebenzi base-Newcastle Regional Hospital baphikisene nalesisho ngokuthi babe nomcimbi wokugubhama usuku lwamasiko ngaphakathi esibhedlela.

Izinhlanga ezahlukene zabasebenzi bezivunule ziconsa ngemisiko ehambisana namasiko azo ngokuhlukana kwawo.

Ingoma kulomcimbi ibidla umunyu ngoba bayibhikle abasebenzi kwaze kwacishe kwanqamuka imbadada. Iziphathimandla zesibhedle nazo azizibekanga phansi ngokushiyelana inkundla.

Ethula inkulumo yakhe uMphathi wesibhedlela uNkk Thabisile Sakyi uthe kubalulekile ukuba abantu bazi ngemvelaphi yabo, ukuze bezokwazi ukuthi bafundise nezingane zabo kanye nezizukulwane. UMnuz Victor Mdluli nongusiHlalo weMens Forum esibhedlela yena uthe kumjabulisa ngaphakathi ukubona abantu bekhumbula imvelaphi yabo. "Ngingum'Afrika futhi ngiyaziqhenya ngakho" kuphetha uMdluli.



Wayihlaba ingoma uMfundisi Dumakude ongu-Chaplain wesibhedlela ekanye no-Supervisor wama-Security uNks Zinlhe Buthelezi ongakwesobunxele kwavuka usinga kuMatron Busisiwe Sokhela wakikiza waze wayomukha ngocu uMfundisi.



**Zafika kwezwakala lezintokazi nezinsizwa nokuyizo ezathatha amehlo abantu abaningi emcimbini.**




Bagcina buvukile ubuyena uMatron Ndlovu ongumphathi emawodini abesifazane nowayishaya ingoma kwachwaza inkundla kanti namaNgisi agcina esemphelezela ngehlombe. Ubumnandi babubuzwa kulomcimbi.



Akekho owayengafuni ukushutha noMnuz Singh.

Kwesokudla wathathwa noMphathi wakwa-Systems Nksz Ntombi Ngwenya ekanye noMphathi waseSiyakhula Clinic uNksz Lindiwe Mthembu kuthi kweso-bunxela wayeme nentokazi yakwa-Zungu



Ukuba nesizungu kwabantwana abasuke bephelezele amanye amalunga omndeni asuke egula kuphelelwe isikhathi ngemuva kokuthi isibhedlela siqoke enye yezindawo sayenza indawo yokudlala izingane.

Lokhuke kuze kahle ngosuku lokubungaza usuku lokuzalwa lwaloyo owayenguMonganeli wezwe uDkt Nelson Mandela.

Indawo eyayinganakwe muntu igcine isiheha kakhulu ezinganeni ngemuva kokuzinikela kwabasebenzi base-Workshop, POPD kanye nodokotela bakhona. Nesitolo esikhulu sakwa-Boxer asisalanga ngaphandle kulokhu ngoba nabo bafika bezoxhasa ngekhekhe elikhulukazi.

Owayehola lomkhankaso wokudwetshwa kwalendawo yezingane  uSr. F. Louw nosebenza njengo Quality Manager uthe bekuhlale kumphatha kabi ukubona izingane uma zize kodokotela e-POPD zihlale zibhocobele zingenayo into ezingayenza noma ezingadlala ngayo nokwenze waxoxisana neziphathimandla zesibhedlela ukuthi kudingeka izingane zibe nendawo yokudlala ngenkathi zisalinde labo ezisuke zihamba nabo abazobona odokotela.

UDkt B. Xulu nokunguyena ophethe e-POPD ubonge wanconcoza emva kwalomsebenzi ngokuthi izingane azisezukubanaso isithukuthezi.

Lomcimbike ube usuphethwa ngokuthi izingane zizitike ngekhekhe lakwa-Boxer Store nelagcina ngokuthi liphelele kwamanye amawodi abantwana abasuke besalalisiwe.



***Ithimba loDokotela base-POPD nomphathi wabo uDkt B.B. Xulu wesudi emnyama, amaNesi kanye nabantwana bethokozela ikhekhe emva komsebenzi wokudweba indawo yokudlala izingane.***

# MEC DHLOMO, KZN FIRST LADY SPEAK OUT IN SUPPORT OF PROVINCIAL PRAYERS



*Amajuba District Mayor Cllr Musa Ngubane, MEC for Health Dr Sibongiseni Dhlomo, KZN First Lady Mrs. Zodwa Mchunu and Newcastle Municipality Speaker Cllr Jabu Khumalo*

The high level of social ills throughout the country compelled the office of the Premier in KZN to strengthen the fight through prayer.

MEC Dhlomo, accompanied by KZN First Lady Mrs. Zodwa Mchunu, Zulu Princess Thembi Ndlovu and other dignitaries were among worshippers from different faiths who took part in a mass prayer at Enyonini Mission at Madadeni Section 2, on the 23rd August 2018.

MEC Dhlomo who is a political champion of Amajuba District said when commenting on the significance and success of these prayers that they have power to mobilize society and bring people closer to God. "We are grateful for this series of provincial prayers, which are coordinated by the office of the Premier" he commented

Mrs. Zodwa Mchunu, the wife of KZN Premier Mr. Willies Mchunu, said her wish is for the whole population of KZN to hear and experience the power of these prayers.

"We as women need to return to our rightful place as intercessors and women of prayer. In the past, women knew how to pray, but today we have moved away from that. In the past women's prayer was so potent that it could end wars, and see sinners such as drug dealers abandon their ways and hand themselves to police. We need to return to that" she said

Her sentiments were echoed by Zulu Princess Thembi Ndlovu who thanked her brother, King Goodwill Zwelithini and the Premier of KZN Mr. Willies Mchunu for spearheading these



*Various faiths including police attending the prayer*

# Achievements celebrated at Newcastle Hospital





They say hard work pay, this was quite evident when Newcastle Regional Hospital POPD ward received a trophy and the certificate of apprecia-tion for getting a Platinum in KZN.

Hospital board members and the management of the hospital were filled with smile and pride when hand-ing over this achievement to the POPD staff.

Speaking at the ceremony, the CEO of the hospital Mrs. T.B.T Sakyi said there is nothing that can bit team work in any organization. “This hospital can do better and change the lives of many if all wards and other components can work to-gether and show that posi-tive team spirit” she said

Doctors and nurses of POPD ward were highly praised by the members of the hospital boar for making sure that patients are treated with dignity and respect in order to minimize complaints and negative publicity.

# “Amadoda aqotho awazihlukuzi izingane namakhosikazi”




Njengoba uNcwaba bekuyinyanga yoMama eNingizimu Afrika amadoda nezinsizwa zase-Newcastle Hospital akhiphe unyawo ebungaza usuku loMama, ngokuthi aviliyele ehambe engena iwodi newodi ekhuluma ngokuhlukunyezwa kwamakhosikazi nezingane.

Lemashi yamadoda ibihlelwe isigungu samadoda ngaphakathi esibhedlela. Ngenkathi ebuzwa usihlalo wesigungu samadoda ukuthi kungani bekhethe ukuba nemashi egxeka ukuhlunyezwa kwabesifazane uMnuz Victor Mdluli uthe isibhedlela sase-Newcastle yiso esibhekelela oMama ma nezingane kulesifunda saseMajuba, ngakho bakubone kukuhle ukuthi bahlangane bengamadoda baviliyele beqwashise oMama obasebancane ukuthi bangabavumeli labo abanobudlelwane nabo babahlukumeze nanoma ngayiphi indlela. “ Njengoba sijikeleza amawodi onke esibhedlela, sizama khona ukubonisa bonke abantu besimame ukuthi akuwona wonke amadoda ahlukumezayo. Thina-ke singamadoda ase Newcastle Hospital sithi amadoda aqotho awahlukumezi amakhosikazi nezingane” kubeka uMdluli.





# Health Communicators capacitated

Following a number of complaints by the citizens in the media, the Public Service Commission (PSC) decided to conduct a research in KZN which was focusing on the Health Sector, this research took almost two years to complete.

A quick pilot study on hospitals and clinics which were the subject of complaints was done so that problems were understood within their context and research tools were tested. In large measure the pilot showed that the major issues were around professional ethics.

In mitigating the outcomes of the Commission's report the Department of Health Corporate Communications conducted a workshop for the PRO's focusing on various issues to help the Department reduce negative stories in the newspapers. The PSC report was smoothly presented by Prof Pearl Sithole whose focus was more on the functioning of the PRO's in the health facilities.

Mr. Ndabezinhle Sibiya from the Office of the Premier spoke about Media and PR element of being a PRO (How to identify positive stories). He also touched base on the impact of negative media coverage on staff morale and how this can be changed.

This robust workshop was closed by the Ombudsman who gave a moving and spirited presentation on the role of the PRO in managing complaints and the importance of finalization of redress meetings. He urged all PRO 's to work hand in hand with their CEO's and Medical Managers in dealing with the complaints from the community or media in order to reduce negative stories from the print media.

Addressing a full hall at Osizweni Community Hall, MEC for Health in KZN said the incidence of cancer in the province can be significantly reduced, treatment and cure outcomes improved if more women could conduct self-testing for breast cancer, and present themselves at health facilities early for pap smears to check for cervical cancer.

He also called for parents and legal guardians to ensure that all children, particularly girls to go school. This, he said will help them grow to become better informed citizens who are able to take wise decisions concerning their own health.

The MEC urged all pregnant women to assist the Department by seeking antenatal care as soon as possible and not miss clinics and once their babies are born, ensure that they adhere to the immunization schedule.

He advised mothers to breastfeed their children exclusively for six months, as this would help strengthen their growth and boost their immunity to disease .

He also vowed that the Department would continue to strengthen its programmes to vaccinate girls aged 9 and younger against Papilloma Virus which causes cancer later in life.

Reflecting on the Department's  upcoming campaigns, MEC Dhlomo said " Having just emerge from August which is the month of women, we are going to strengthen campaigns focusing on young women so they grow and become competitive in life"

The campaign started with a spirited health awareness march through the township streets which was followed aerobics class to promote healthy lifestyle.




**Young and old participating in the aerobics session led by the MEC at Osizweni Community Hall**

